PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# ISICELO SOKUQOKA

## UKUQOKWA KWAMALUNGU (2) ESIKHUNGWENI SEZOKUTHUTHUKISWA KWEMITHOMBO YEZINDABA NGOKWEHLUKANA KWAYO (MDDA)

Kumenywa izikhungo kanye/ noma abantu ukuthi baphakamise abantu okufanele bazogcwalisa izikhala (2) zokuba yiziphathimandla zeBhodi LesiKhungo SokuThuthukiswa KweMithombo YeziNdaba NgokweHlukana Kwayo, ngokwesigaba sesi-4 soMthetho SokuThuthukiswa KweMithombo YeziNdaba NgokweHlukana Kwayo, yowezi-2002 (uMthetho onguNo. 14 wezi- 2002) ("umthetho-MDDA").

NgokoMthetho WesiKhungo SokuThuthukiswa KweMithombo Yezindaba NgokweHlukana Kwayo, i-MDDA yasungulelwa ukuthi kulungiswe indaba yokukhishwa inyumbazana kwemiphakathi kanye nabantu ababencishwe amathuba ukuthi bangafinyeleli kwezokwazisa kanye nasembonini yezokwazisa. Abazohlomula abezindaba bomphakathi kanye namabhizinisi amancane abezindaba.

ILungu leBhodi kufanele: abe umuntu ozibophezele ebulungisweni, ukukhuluma ngenkululeko nasekuziphenduleleni futhi uzomela wonke umphakathi weRiphabhuliki futhi abe nezicucu ezifanele zemfundo, ikhono nesipiliyoni emikhakheni efana nalena: Ezokuxhumana NoMphakathi; Ezomphakathi, Nezabasebenzi kanye Nezentuthuko; EZokuxhumana; EzoMnotho, EzokuPhathwa KweziMali nezoXhaso; Ukukhangisa Nokumaketha; Ubuntatheli kanye nolwazi ngeziNhlelo Zokusakaza; Ucwaningo ngezokuXhumana; Ukufundisa ngezokuXhumana, Ukufundisa nokubhala kanye Nokufundisa; UMthetho ngezokuXhumana; kanye nolwazi ngezokuXhumana kanye NokuXhumana ngenqubomgomo Yezobuchwepheshe; noma ngolunye ulwazi oluxhumene nalokhu noma iziqu. Abaqokiwe kufanele babe yizakhamuzi ZaseNingizimu Afrika abangabahlali baseRiphabhuliki.

Abaphakanyisiwe ababhalwe phansi kumele kube negama eliphelele kanye nekheli lesikhungo kanye/noma lomuntu ophakamisa igama, incwadi esayindiwe yilowo ophakamiswe ovuma ukuphakanyiswa kwakhe kanye ne-CV, ehlinzeka okungenani ngolwazi olulandelayo: • Igama eliphelele, inombolo kamazisi kanye nobulili • Ikheli lokuxhumana, inombolo yocingo kanye nekheli le-imeyili • Isipiliyoni anaso (acaphune izinsuku nezikhungo ezithintekayo) • Amakhophi anesigxivizo esiqinisekisa izicucu zemfundo kanye nomazisi.

Amagama abaphakanyisiwe kanye nemibuzo kumele kuthunyelwe kwi-Portfolio Committee on Communications and Digital Technologies **(Zibhekiswe ku: Mnu Thembinkosi Ngoma, uNobhala weKomidi)** bese uthumela nge- imeyili kuleli kheli: **mddaboardvacancy@parliament.gov.za** Imibuzo ngocingo ungashayela lenombolo: **0837098407**.

Usuku lokugcina lwamagama aphakanyisiwe: nguLwesihlanu, 17 kuNtulikazi wezi-2026 ngehora le- 16:00. Sicela niqaphele ukuthi abaphakanyisiwe kuzofanele kuhlolwe izicucu zabo zemfundo kubhekwe nezokuphepha. Ukuqokwa kanye nokuqokelwa komsebenzi kuyobe kuvuleleke kumphakathi. Izethulo ezifike sekwedlule isikhathi ngeke zamukelwe.

**Sikhishwe ngu Nksz KLN Sangoni, iLunga lePhalamende: Usihlalo WeKomidi LeNdlu YesiShayamthetho sikaZwelonke elibhekele EzokuXhumana Nobuchwepheshe BeDijithali.**

**Your Parliament. Your Voice. Your Future.**